



Share a story!

The most important thing to do when you read to children is to enjoy yourself, because if you do, they will learn that reading is a pleasurable activity. There are no correct or incorrect ways to read to children, but here are some of our tips for sharing books together.

When?

1. Share stories at times when your children find it easy to settle down, like after bath time or just before they go to sleep at night.
2. Younger children or children who are tired, often find it difficult to concentrate for long periods of time, so don't read for too long.

Where?

3. Find a quiet, comfortable place to read. Turn off any computers, TVs and radios!

Yabelana ngendaba!

Into ebaluleke kakhulu ongayenza lapho ufundela izingane izindaba ukuthi nawe uzithokozele ngoba uma wenza kanjalo, nazo zizofunda ukuthi ukufunda kuyinto ethokozisayo. Azikho izindlela ezifanele noma ezingafanele zokufundela izingane, kodwa nanka amanye amacebo ethu okwabelana ngezincwadi nindawonye.

Nini?

1. Yabelana ngezindaba ngezikhathi izingane zakho ezikuthola kulula ukuthi zihlale phansi, ezifana nangemuva kwesikhathi sokugeza noma ngaphambi kokuyolala ebusuku.
2. Izingane ezincane noma ezikhathele zivame ukukuthola kunzima ukunamathela ngomqondo entweni isikhathi eside, ngakho ungafundi isikhathi eside kakhulu.

Kuphi?

3. Thola indawo engenamsindo nenizohlala ngokuthokomala nifundele kuyo. Cisha noma imaphi amakhompyutha, omabonakude kanye nemisakazo!

Kanjani?

4. Hlalani nisondelane ukuze nobabili nizibone kalula izithombe kanye namagama asekhadini.
5. Qala ngokufunda igama lombhali (nodwebe imidwebo) ukuze izingane zikwazise ukuthi izincwadi zenziwa abantu nje abafana nazo!

How?

4. Sit close to each other so that you can both easily see the pictures and words on the page.
5. Start by reading the name of the author (and illustrator) so children appreciate that books are created by people just like them!
6. Read with as much expression as you can – your children will appreciate it!
7. Find ways to draw them into the story as you read. For example, ask them what they think might happen next, discuss one of the pictures or ask them to turn the pages for you.
8. Deepen their understanding by asking, "What does that remind you of?", "Why do you think she did that?" and "What would you have done?" Questions like these help to connect stories to children's lives. They also help children discover how stories work.
9. If your children ask you to read a story again ... and again, do it! They will discover new things about the story each time. As they get to know the stories better, invite them to read along with you.
10. Once your children can read, don't stop reading to them! Choose books that are more difficult and complex than the ones they can read on their own. When you are reading chapter books together, read one or two chapters every day or find another place to stop that will make your children want to come back for more tomorrow!

For more information on reading to children, go to www.nalibali.org or www.nalibali.mobi

Uma nifunda ndawonye izincwadi ezinezahluko, fundani isahluko esisodwa noma ezimbili njalo ngosuku, noma niithole indawo enizoma kuyo ezokwenza ukuthi izingane zakho zifune ukuzwa okunye kusasa!

Ukuze uthole olunye ulwazi ngokufundela izingane, yana ku-www.nalibali.org noma www.nalibali.mobi

INSIDE Win a R100 gift card from Jet!
NGAPHAKATHI
Wina ikhadi lesipho lakwa-Jet elibiza i-R100!



Drive your imagination

Story Power.
Bring it home.
Walethe ekhaya amandla endaba.





Drive your imagination



Nal'ibali news

Earlier in 2014, we ran a competition to celebrate our second birthday. Thank you for sending in all your beautiful birthday cards – we really enjoyed reading them!

The winner was Keratilwe Phambaka (9 years old) from Reading Buddies Club at Setolamathe Public School in Kagiso 2. The runners-up were Oratile Masokoane, also from Reading Buddies Club, and Kuhle Mjuleni from KwaFaku Vulindlela Reading Club in Cape Town. Keratilwe won R1 000 worth of books for himself and his reading club. The runners-up each won R500 worth of books for themselves and their clubs.

Izindaba zakwaNal'ibali

Ekuqaleni konyaka wezi-2014, senza umncintiswano wokugubha usuku lwethu lokuzalwa lwesibili. Siyabonga ngokusithumelela kwenu onke amakhadi amahle ezilokotho ezinhle zosuku lokuzalwa – sikuthokozele ngempela ukuwafunda!

Ohpumelele kwaba uKeratilwe Phambaka (oneminyaka eyi-9) ovela e-Reading Buddies Club eSetolamathe Public School yaseKagiso 2. Abathola imithobanhliziyi kwaba u-Oratile Masokoane, naye ovela e-Reading Buddies Club, kanye noKuhle Mjuleni ovela KwaFaku Vulindlela Reading Club eKapa. UKeratilwe uwine izincwadi zakhe kanye nezethimba lokufunda ezibiza i-R1 000. Abathole imithobanhliziyi ngamunye uthole izincwadi zakhe kanye nezethimba lokufunda ezibiza u-R500.



Here is Keratilwe's winning birthday card. We loved his drawing of the Nal'ibali character, Bella!

Nali ikhadi losuku lokuzalwa eliphumelele likaKeratilwe. Siyithandile indlela adwebe ngayo umlingiswa wakwaNal'ibali, uBella!



Reading Buddies Club, Kagiso 2

I-Reading Buddies Club, yaseKagiso 2



Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nesiNgesi ohlelweni lomsakazo lwakwaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-SAfm ngoMsombuluko ukuya ngoLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.



Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

Zakhele eyakho incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina

1. Khipha ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6 kulesi sithasiselo.
2. Asonge abe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Asonge abe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



“Awu cha, Mnumzane Sinambal
Inyoka leyo!
Akulona igatshal! Awu inyoka endala.
Uyethuse ngempela.”

“Oh no, Mr Sloth! That’s a snake
over there!
Not a branch! Poor old snake. You gave
him quite a scare.”



“This branch looks lovely! I think I’ll
sleep here.
And you? Don’t you think that’s a
splendid idea?”

“Leli gatsha libukeka lihle!
Ngicabanga ukuthi ngizolala la.
Wena? Ngabe awusho ukuthi leli
yisu elihle?”



Fold


We believe every child should
own a hundred books
by the age of five.

Become a book-sponsor and
help change the world.

Get involved at
bookdash.org



Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment
campaign to spark children’s potential through
storytelling and reading. For more information,
visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



It starts with a story...

UNal’ibali umkhankaso wokufundela
ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela
lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa
nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye
imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org
noma ku-www.nalibali.mobi



Fold

Sleepy Mr Sloth



UMnumzane Sinamba owozelayo

Paul Kennedy
Nick Mulgrew
Graham Paterson

“Cha bo, Mnumzane Sinamba! Kukhona isidleke sezinyosi lapho! Angeke ukwazi ukulala kukhona lezo zinyosi yonke indawo!”

“Oh no, Mr Sloth! There’s a beehive right there! You’ll never get sleep with those bees everywhere!”



Fold

“This branch looks lovely! I think I’ll sleep here. And you? Don’t you think that’s a splendid idea?”
“Leli gatsha libukeka lihle! Ngicabanga ukuthi ngizolala la. Wena? Ngabe awusho ukuthi leli yisu elihle?”



One day, Mr Sloth came to visit. He said, “I’m sleepy! I need a good branch for a bed!”

Ngelinye ilanga, uMnumzane Sinamba wazovakasha. Wathi, “Ngiyozela! Ngidinga igatsha elihle engingalala kulo!”



Fold




The bird and the snake,
the giraffe and each bee
were happy to have
Mr Sloth in their tree.

Inyoni nenyoka, indlulamithi
nenyosi ngayinye, bajabula kakhulu
ukuba noMnumzane Sinamba
esihlahleni sabo.

“Leli gatsha libukeka lihle!
Ngicabanga ukuthi ngizolala la.
Wena? Ngabe awusho ukuthi leli
yisu elihle?”

“This branch looks lovely! I think I’ll
sleep here.
And you? Don’t you think that’s a
splendid idea?”



“I’m quite good at climbing. I know
how to swing.

But sleeping’s my favourite,
favourite thing!”

“Ngimuhle kakhulu ekucaceni
emithini. Ngiyakwazi ukushwibeka.

Kodwa ukulala yinto engiyithanda ...
engiyithanda kakhulu!”

“Cha, akunjalo, Mnumzane Sinamba! Kukhona indulamithi edla lapho! Kungenzeka icabange ukuthi uyigatsha, bese igala ukudla izinwele zakho!”

He might think you're lunch and start nibbling your hair!”

eating there!

“Oh no, Mr Sloth! A giraffe's



“Cha bo, Mnumzane Sinamba! Kukhona inyoni ekhalayo laphay! Angeke ukwazi ukulala kukhona umsindo ongaka!”

You'll never get sleep with that noise in the air!”

squawking there!

“Oh no, Mr Sloth! There's a bird



“This branch looks lovely! I think I'll sleep here.

And you? Don't you think that's a splendid idea?”

“Leli gatsha libukeka lilihle! Ngibona ukuthi ngizolala la.

Wena? Ngabe awusho ukuthi leli yisu elihle?”

“Try climb one more branch, Mr Sloth!” they all said.

And that branch was just the right one for his bed.

“Zama ukwenyuka igatsha elilodwa, Mnumzane Sinamba!” zasho zonke.

Kanti-ke yilelo gatsha elaba yigatsha elilungele ukuthi alale kulo.



Get creative!

Do your children have a special place to keep the books they enjoy reading? Let them follow the steps below to make their own Story Power book boxes. They can keep it next to their beds so that reading and books become a part of their everyday life – something they think of as they shut their eyes at night and again when they wake up in the morning! Encourage them to keep their Nal'ibali supplement cut-out-and-keep books as well as other books they enjoy in their special boxes.

You will need:

- a shoebox
- old magazines and newspapers
- glue
- scissors
- paper and crayons (optional)
- a reading log



What to do

1. How do your children picture their lives as adults? For example, what kind of work do they want to do and where would they like to live? Let their imaginations soar as you talk about these things with them.
2. Give your children some old magazines and newspapers. Let them cut out pictures and words that represent their dreams and goals, as well as who they are now, for example, things they enjoy doing now, their favourite colours or their favourite Nal'ibali characters. (Visit the "Resources" section at www.nalibali.org to download pictures of the Nal'ibali characters.) You can also suggest that they draw their own pictures if they want to.
3. Let them turn a shoebox into a personal Story Power book box by pasting their cut out words and pictures on the outside and inside of the box.
4. Next, give them a reading log to paste onto the inside of the lid so that they can record the books they read. You can download a reading log sheet from the "Resources" section of our website (www.nalibali.org). Or, you can make your own, by dividing a blank sheet of paper into three columns and labelling the columns like this: Name of book, When I read it, What I liked about it. The log will show the children how many books they have read and this is a great way to motivate them to keep on reading!
5. Ask your children to finish off their boxes by creating a name plate. Let them write their names in a decorative way on small pieces of paper, or cut out the letters that spell their names to stick on the outside of the box.



Veza ubuciko bakho!

Ngabe izingane zakho zinendawo ekhethekile ezigcina kuyo izincwadi ezithokozela ukuzifunda? Zivumele ukuthi zilandele izinyathelo ezingezansi ukuze zizenzele awazo amabhokisi ezincwadi ze-Story Power. Zingalibeka eduze nemibhede yazo ukuze ukufunda kanye nezincwadi kube yingxenywe yempilo yazo yansuku zonke – into eziyicabangayo lapho zilala ebusuku nangesikhathi zivuka ekuseni! Zikhuthaze ukuthi zigcine emabhokisini azo ekhethele zonke izincwadi zazo ezisikwayo zikhishwe bese ziyagcinwa, ezitholakala ezithasiselweni zakwaNal'ibali kanye nezinye izincwadi ezizithokozelayo.

Izinto ozozidinga:

- ibhokisi lezicathulo
- amaphephabhuku kanye namaphephandaba amadala
- iglu
- isikele
- iphepha kanye namakhrayoni (akuphoqelekile)
- okokubhala izincwadi ezifundiwe



Ongakwenza

1. Ngabe izingane zakho ziyibona izoba njani impilo yazo uma sezindala? Isibonelo, ngabe zifuna ukwenza umsebenzi onjani nokuthi zingathanda ukuhlala kuphi? Vumela imicabango yazo ukuthi isabalale ngesikhathi ukhuluma ngalezi zinto nazo.
2. Nika izingane zakho amaphephabhuku kanye namaphephandaba amadala. Zivumele ukuthi zisike zikhiphe izithombe kanye namagama amele amaphupho kanye nalokho ezikuphokophele, nalokho eziyikho njengamanje, isibonelo, izinto ezithokozela ukuzenza manje, imibala yazo eziyithandayo noma abalingiswa bakwaNal'ibali ezibathandayo. (Vakashela isigaba esithi-"Resources" ku-www.nalibali.org ukuze uthwebule abalingiswa bakwaNal'ibali ngensiza yekhompyutha.) Ungaphinde uphakamise futhi nokuthi zidwebe izithombe zazo uma zifuna ukwenza kanjalo.
3. Zivumele ukuthi ziguqule ibhokisi lezicathulo libe ibhokisi lezincwadi zaMandla Endaba ngokunamathelisa amagama kanye nezithombe ezisisike zazikhipha ngaphandle nangaphakathi kwebhokisi.
4. Okulandelayo, ukuthi uzinike into yokubhala izincwadi ezifundiwe ezizoyinamathelisa ngaphakathi kwesivalo ukuze zibhale kuyo izincwadi ezizifundiwe. Ungathwebula into yokubhala izincwadi ezifundiwe ngokusebenzisa insiza yekhompyutha esesigabeni esithi-"Resources" kusizindalwazi sethu (www.nalibali.org). Noma, ungazenzela eyakho, ngokuhlukanisa phakathi iphepha elingabhalwe lutho libe namakholomu amathathu, bese ubhala izihlokwana kula makholomu kanje: Igama lencwadi, Usuku engayifunda ngalo, Yini engiyithandayo ngayo. Into yokubhala izincwadi ezifundiwe izokhombisa izingane ukuthi zingaki izincwadi ezizifundiwe, futhi lena indlela enhle yokuzikhuthaza ukuthi ziqhubeke nokufunda!
5. Cela izingane zakho ukuthi ziqedele amabhokisi azo ngokwenza indawo yokubhala igama. Zivumele ukuthi zibhale amagama azo ephepheni elincane engendlela ehlobisayo, noma ukuthi zisike zikhiphe izinhlamvu ezipela amagama azo ezizoyinamathelisa ngaphandle kwebhokisi.

Know your Nal'ibali characters

All the Nal'ibali adult characters enjoy reading to their children! Do you? Find out about Mme wa Afrika's love of stories and then enter the competition to win a gift card from Jet!

Mme wa Afrika is Afrika and Dintle's mother. She speaks Sesotho, Setswana, English and a little Afrikaans. She makes sure that she reads to her children regularly – and whenever she can find the time, she relaxes with a book herself!



Yazi abalingiswa bakho bakwaNal'ibali

Bonke abalingiswa bakwaNal'ibali bayakuthokozela ukufundela izingane zabo! Wena-ke? Thola kabanzi ngothando lwezindaba lukaMme wa Afrika, bese ungenela umncintiswano ukuze uwine ikhadi lesipho lakwa-Jet!

UMme wa Afrika ungumama ka-Afrika noDintle. Ukhuluma isiSotho, isiTswana, isiNgisi akhulume kancane nesiBhunu. Uyaqinisekisa ukuthi ufundela izingane zakhe njalo – futhi nanoma inini uma ethola isikhathi, naye uhlaba ikhefu ngokufunda incwadi!

Win! Wina!

To stand a chance of winning one of four Jet Gift Cards worth R100 each, send us the word "**Afrika**" and tell us how often you should read to your children. Email your answer to letters@nalibali.org, or SMS it to 32545 (standard data rates apply). Competition closes on 20 November 2014.

Ukuze uziwinele enye yamaKhadi Ezipho akwa-Jet enani eliyi-R100 lilinye, sithumelele igama elithi "**Afrika**" bese usitshela ukuthi kumele uzifundele kangaki izingane zakho. Thumela impendulo yakho nge-imeyli ku-letters@nalibali.org, noma uyithumelele nge-SMS ku-32545 (kusebenza imali yokukhokha enqunywelwe). Umncintiswano uvala mhla zingama-20 kuLwezi wezi-2014.



Jet Club

Clue: Visit the "Reading & storytelling tips" section on the Nal'ibali website to find the answer.
Go to: http://nalibali.org/reading_story_topics/read-every-day/

Ake sikunike icebo: Vakashela isigaba esithi "Reading & storytelling tips" kusizindalwazi sakwa-Nal'ibali ukuze uthole impendulo.
Yana ku-: http://nalibali.org/reading_story_topics/read-every-day/

Terms and conditions: To enter, you must be 16 years or older. Employees of PRAESA are not eligible to enter. Imigomo nemibandela: Ukuze ungenele umncintiswano, kumele ube neminyaka eyi-16 noma ngaphezulu. Abasebenzi bakwaPRAESA abavumelekile ukungenela umncintiswano.

Story corner

Here is a new story to read aloud or retell. It is about Ntatu, who was jealous of Day and Night.

Ntatu and the Bommelak Tree (Part 1)

By Leo Daly

A long time ago – before your grandfather and his grandfather and even his grandfather – Day and Night were not shy. They walked on the earth just like you.

Every morning, Day would wake up from his sleep. He would wash his face in the pool beneath the Bommelak Tree. Then he would walk across the earth and wherever he went he brought light and warmth.

The animals would stop and stare. They would whisper to themselves, "There goes Day. Look at how handsome he is."

Every evening, Night would wake up. She would wash her hair in the pool beneath the Bommelak Tree. Then she would walk across the earth and wherever she went, she brought coolness and rest.

The animals would stop and stare. They would whisper to themselves, "There goes Night. Look how beautiful she is."

All the animals loved Day and Night. Only one animal disliked them and his name was Ntatu. He would flap his feathers when he heard the others whisper, "Look at how beautiful they are."

Instead of agreeing, Ntatu said, "Well, what about me? Look at how beautiful I am. There is nothing as beautiful as me."

But the other animals only laughed. "Ntatu," they would say, "you be quiet – you foolish bird. You are not as handsome as Day and not as beautiful as Night."

This made Ntatu very angry. "I have a better neck than you, Giraffe," he said. "And I have a better nose than you, Elephant. And my eyes are better than yours, Mole."

This upset the little mole because he was very sensitive about his eyes, but Giraffe and Elephant only laughed at Ntatu. "Nonsense, Ntatu."

Then Ntatu said, "My face is more handsome than Day's and my feather's are more beautiful than Night's hair." And he flew away.

When next the animals saw Ntatu, he had combed his feathers and painted his face. "See," he said, "is my face not more handsome than Day's face? Are my feathers not more beautiful than Night's hair?"

But the animals all laughed at him. The little mole said, "Ntatu, nothing you do will make your face more handsome than Day's nor your feathers more beautiful than Night's hair."

Ntatu was very angry.

Get your supplement next week and find out what the jealous Ntatu will try now.



Illustration by Alzette Prins
Umdwebo wenziwe ngu-Alzette Prins

Ikhona lezindaba

Nansi indaba entsha ozoyifunda kakhulu noma ozoyixoxa kabusha. Imayelana noNtathu, owayenomona ngoMini noBusuku.

UNtathu neSihlahla seBhomelaki (Ingxenye yoku-1)

NguloLeo Daly

Endulo – ngaphambi kokuzalwa kukamkhulu wakho kanye nomkhulu wakhe nomkhulu walowo mkhulu futhi – uMini noBusuku babengenawo amahloni. Babehamba emhlabeni njengawe nje.

Njalo ekuseni, uMini wayevuka ebuthongweni. Wayegeza ubuso bakhe esizibeni esingaphansi kweSihlahla seBhomelaki. Bese ehamba edabula umhlaba, alethe ukukhanya nokufudumala konke lapho ayehamba khona.

Izilwane zaziyeke ezikwenzayo zimgqolozele. Zazihlebelana zithi, "Nanguya uMini. Ake nibheke ukuthi muhle kangakanani."

Njalo kusihlwa, uBusuku wayevuka. Wayegeza izinwele zakhe esizibeni esingaphansi kweSihlahla seBhomelaki. Bese ehamba edabula umhlaba alethe ukuphola nokuphumula konke lapho ayehamba khona.

Izilwane zaziyeke ezikwenzayo zimgqolozele. Zazihlebelana zithi, "Nanguya uBusuku. Ake nibheke ukuthi muhle kangakanani."

Zonke izilwane zazimthanda uMini noBusuku. Sasisodwa kuphela isilwane esasingabathandi kanti igama laso kwakunguNtathu. Wayeshaya amaphiko akhe uma ezwa ezinye izilwane zihlebelana zithi, "Ake nibheke ukuthi bahle kanjani."

Kunokuthi avumelane nazo, uNtathu wathi, "Empeleni, niithini ngami? Ake nibheke ukuthi ngimuhle kanjani. Ayikho into enhle ukudlula mina."

Kodwa ezinye izilwane zavela zahleka nje kuphela. "Ntathu," kusho zona, "ake uthule – nyoni ndini eyisiwula. Awumuhle njengoMini noBusuku."

Lokhu kwenza uNtathu wathukuthela kakhulu. "Nginentamo engcono kuneyakho, Ndlulamithi," kusho yena. "Futhi nginekhala elingcono kunelakho, Ndlovu. Kanti namehlo ami angcono kunawakho, Mvukuzane."

Lokhu kwayicasula imvukuzane encane ngoba yayingafuni lutho ngamehlo ayo, kodwa oNdlulamithi noNdlovu bavele bamhleka uNtathu. "Uyabheda wena Ntathu."

UNtathu wabe esethi, "Ubuso bami buhle kunobukaMini futhi nezimpaphe zami zinhle kunezinwele zikaBusuku." Wase endiza esuka lapho.

Ngokulandelayo lapho izilwane sezibuye zibona uNtathu, wayekame izimpaphe zakhe futhi epende nobuso bakhe. "Ake nibheke nje," kusho yena, "ngabe ubuso bami abubuhle ukudlula ubuso bukaMini? Ngabe izimpaphe zami azizinhle ukudlula izinwele zikaBusuku?"

Kodwa zonke izilwane zavele zamhleka. Imvukuzane encane yathi, "Ntathu, ayikho into ongayenza engenza ukuthi ubuso bakho bube buhle bunobukaMini noma ukuthi izimpaphe zakho zibe zinhle kunezinwele zikaBusuku."

UNtathu wathukuthela kakhulu.

Thola isithasiselo sakho ngesonto elizayo ukuze uthole ukuthi yini enye uNtathu onomona azozama ukuyenza.

How have books and stories shaped your life and your children's lives? Have they helped you to explain a difficult situation to your child? Or has discovering a favourite story encouraged your children to read and helped improve their reading at school? Tell us on Facebook

(www.facebook.com/nalibaliSA), or Twitter (www.twitter.com/nalibaliSA) using the hashtag #StoryPower, or email us at info@nalibali.org and we could feature how stories have made an impact on your life!



Ngabe izincwadi nezindaba ziyibumbe kanjani impilo yakho neyezingane zakho?

Ngabe zikusizile ukuthi uchaze isimo esilukhuni enganeni yakho? Noma ngabe ukuthola incwadi izingane zakho eziyithandayo kukhuthaze izingane zakho ukuthi zifunde, futhi kwazisiza ukuthi zithuthuke ekufundeni kwazo esikoleni? Sitshele ku-Facebook (www.facebook.com/nalibaliSA), noma ku-Twitter (www.twitter.com/nalibaliSA) usebenzisa u-hashtag #StoryPower, noma usithumelele i-imeyli ku-info@nalibali.org futhi kungenzeka sishicilele ukuthi izindaba zibe namthelela muni empilweni yakho!